


I-LYMPHOMA


WHAT IS LYMPHOMA? *



- I-Lymphoma wumdlavuza wama-**lymphocyte**, okungamasosha omzimba amhlophe asiza ukulwa nezifo.
- Ama-lymphocytes atholakala oketshezini okuthiwa yi-lymph, oluhamba emzimbeni wethu wonke kwi-**lymphatic system**.
- I-lymphatic system wuxhaxha lwamashubhu, imigudu nezitho zomzimba ezinjengesibindi eziyingxenye ye-**immune system**.
- Ama-lymphocyte avame ukuqoqelana kuma-lymph node – ikakhulukazi emakhwapheni, emqaleni okany kwimbilaphu – ukulwa nezifo kodwa futhi angatholakala noma yikuyiphi indawo emzimbeni.
- I-lymphoma idaleka uma **kuhluma ama-lymphocyte** ngendlela engajwayelekile aqoqelane kuma- lymph node noma kwezinye izitho zomzimba.

IZINHLOBO ZE-LYMPHOMA

Kunezinhlabo ezimbili, okuyi-**Hodgkin's Lymphoma**, ebonakala ngamaseli okuthiwa ngama-Reed-Sternberg cells ne-**Non-Hodgkin's Lymphoma (i-NHL)**, enezinhlotshana.



Ikule minyaka, kubonakala ukuhlobana okuthusayo bokuthi labo abanegciwane lesandulelangculazi basengozini enkulu yokuphathwa yi-lymphoma ngenxa yokuba buthaka kwemizimba yabo.

I-CANSA IHLINZEKA NGOSIZO OLUMQOKA, IZINSIZA NOMPHEKATHI KULABO ABATHINTWE WUMDLAVUZA

I-LYMPHOMA

IZIMPAWU ZAYO

Izimpawu ze-lymphoma zivame ukubonakala kwezinye izifo ezingebucayi, njengomkhuhlane noma okunye ukugula. Uma umuntu ene-lymphoma, lezi zimpawu zithatha isikhathi kanti kuba wukugula okungachazeki.



IZIMPAWU EZIVAMILE

- Ukuvuvuka kwezindlala, okuvama ukungabibuhlungu
- Ukushiselwa nokugodola
- Ukuvama komkhuhlane
- Ukujuluka kakhulu, imvamisa ebusuku
- Ukuncipha okungachazeki
- Inhliziyo emnyama
- Ukukhathala njalonokuswela umdlandla
- Iphika nokukhwehlela
- Ukuhlale kuluma umzimba okungaziwa ukuthi kubangwa yini
- Ukubhocobala
- Amathansela avuvukele
- Ilkhanda



Ngokwanda kwe-lymphomas, umzimba uphelelwa amandla okulwa nezifo.

EZINYE IZIMPAWU

- Umuntu angezwa ubuhlungu ezindlaleni ngemva kokuphuza utshwala
- Uma i-lymphoma ine-lymphatictissue esiswini noma emathunjini, kungabanoketshenzi ngaseswini, okungadala ubuhlungu besisu, ubuhlungu, uhudo noma ukuqunjelwa yisisu
- Izindlala ezivuvukele kwenye inkathi zibanezinye izimpawu njengokucindezeleka komthambo (okungabanga ukuvuvuka kwengalo noma komlenze) noma umthambo (kubuhlungu, ndikindiki, noma inkwantshu engalweni noma emlenzeni).
- Abanye bezwa ubuhlungu obungachazeki eqolo, okungabangwa wukuvuvuka
- kwezindlala ezicindezela imithambo.

I-CANSA IHLINZEKA NGOSIZO OLUMQOKA, IZINSIZA NOMPHEKATHI KULABO ABATHINTWE WUMDLAVUZA